ISAZISO NO 2334

UKUDAYISWA OKUHLONGOZWAYO KOMHLABA: UMHLABA ONCIKENE NO-23A SPRINGSIDE ROAD, HILLCREST

Lesi yisaziso ngokomthetho iMunicipal Finance Management Act nomqulu wemithetho ebizwa nge-Supply Chain Regulations sokuthi kuyinhloso kaMasipala ukudayisa, lapho kunelungelo lobunikazi khona, edayisela uNkk D.B. Saxby umhlaba ochazwe njengo-Proposed Portion [A] of Erf 343 Hillcrest Park, Registration Division FT eThekwini, eSifundazweni saKwaZulu-Natal, usuwonke olinganiselwa ku-2158m² ubukhulu oku-Springside Road, ngentengo engu-R115 000 (ingakafakwa iVAT). Amakhophi emibandela yokuthengiselana, u-Conditions of Sale No. 4770 angabonwa ehhovisi lika-Head: Real Estate, Room 1702, 17th Floor, 75 Winder Street, eThekwini (inkomba: 636c/346:EGN), phakathi kuka 07:45 no 16:30, ngeMisombuluko kuya koLwesihlanu, isikhathi esiyizinsuku ezingu 14 kusukela mhla ka 2007-06-01. Imibono noma ukuphikisana nalokhu kudayiswa okuhlongozwayo kuyothathwa njengokwanelisa izidingo ezifanele zokuba kubhekwe uma:

(a) Amagama aphelele, izinombolo zikamazisi nekheli lendawo kanye nemininingwane yokuxhumana nombhali kubhaliwe encwadini equkethe izikhalazo noma imibono;

(b) Umbhali echaza ngokuphelele ukuthi uthinteka kanjani ngalokhu okuhlongozwayo lapha;

(c) Kunemininingwane ephelele yezizathu zemibono noma ukuphikisana kwakhe nalokhu okuhlongozwayo; futhi

(e) Kuthi kushaya ihora lika 17:00 mhla ka 2007-06-18 incwadi equkethe izikhalazo noma imibono ibe isifikile kulo osayinde lesi saziso.

Uma kwenzeka umbhali wencwadi engazanelisi lezi zidingo ezikulo luhla olungenhla, uMasipala waseThekwini uyoyishaya indiva imibono noma ukuphikisana kwakhe nalokhu okuhlongozwayo lapha.

Dkt M.O. Sutcliffe
IMenenja yeDolobha
City Hall, West Street
eThekwini

ISAZISO

ISIMEMO SOKUBAMBA IQHAZA OHAMBWENI LUKA-2007 LOKUKHUTHAZA UKUZITHIBA

Niyamenywa ukuba nibambe iqhaza ohambweni luka-2007 olubizwa nge-Abstinence Walk. Lolu hambo olwenziwa minyaka yonke kuhloswe ngalo ukukhuthaza umphakathi nentsha ukuba bazithibe kuzo zonke izinto ezimbi emphakathini.

Sikholwa wukuthi lingafezeka iphupho lethu lokuba nesizukulwane esingenayo ingculaza uma sikhuthaza futhi seseka ukuzithiba kulezi zinto;

1. Ukushesha kokuqala kocansi
2. Ukusebenzisa utshwala/izidakamizwa ngokungafanele
3. Ubugebengu
4. Ukungabahloniphi abanye abantu ikakhulu abadala

Wozani nizohlanganyela ne-Centre of Hope noMasipala waseThekwini ekukhuthazeni ukuphila ngendlela enempilo nokuzithiba.

Usuku: 2 June 2007
Indawo: King Zwelithini Stadium
Isikhathi: 8h00

Uhambo luzoqala kule nkundla luphelele eCity Hall.

WOZANI NGOBUNINGI BENU!

ISAZISO

Emhlanganweni womkhandlu mhla zingu 29 ku Meyi 2007, umbiko onzulu odidiyele ka 2005/2006 wombiko waminyaka yonke (eThekwini Annual Report) waphasiswa ngokugcwele ngaphandle kokungabaza.

Umbiko ogcwele uyatholokala
1 kwi-Website:
www.durban.gov.za
2.Ehhovisi lemenenja yedolobha, 1st floor,City Hall,Durban
3.Kwa Corporate Policy Unit 3rd Floor, 221 Smith Street, Durban.

DKT M.O. Sutcliffe
Imenenja yedolobha, City Hall, West Street, Durban

ISIMEMO SEZICELO

IMISEBENZI YOKWAKHA EYENZIWA IKAKHULU NGEZANDLA

UMasipala waseThekwini uhlela ama-phrojekthi athile azokwenziwa ngendlela ekhuthaza ukusetshenziswa kakhulu kwabantu kunemishini, okubizwa, phecelezi, labour Intensive Construction (LIC) ngaphansi kohlelo lukahulumeni olubizwa nge- Expanded Public Works Programme (EPWP), okungenye yezinhlelo zikahulumeni okuhloswe ngazo ukunciphisa ukwesweleka kwamathuba emisebenzini. Kuhloswe ukuba izinkampani ezenza i-civil engineering ezanelisa izidingo ezithile ngaphezu kwezidingo ezijwayelekile zilethe izicelo zokufakwa kwinqolobane / kwiphaneli okuzoqokwa kuyona abazonikwa lama-phrojekthi okuhloswe ukuba aqale ingakapheli iminyaka emibili kusuka manje. Ngakho-ke uMasipala umema izicelo ezibhalwe phansi kuma-consultants anentshisekelo yokwenza lo msebenzi anelisa izidingo ezifanele. Umuntu okunguyena ozokwenza imidwebo nemibhalo yomsebenzi, kufanele abe no-NQF level 7 unit standard osihloko sithi: “Develop and Promote Labour Intensive Construction Strategies”. Umuntu okunguyena ozosingatha inkontileka kumele abe no-NQF level 5 unit standard osihloko sithi: “Manage Labour Intensive Construction Projects”. Abafaka izicelo kufanele kube abanelisa lezi zidingo ezibalwe ngenhla kuphela, futhi bafake le mininingwane ezicelweni zabo, kanti abangakwenzanga lokhu zingabuyiselwa eceleni izicelo zabo:

1. Igama lenkampani
2. Ikheli lamahhovisi ayo
3. Amagama nezitifiketi zokufundelwe yilowo nalowo muntu ozosebenza kwi-phrojekthi
4. Nanoma yimiphi eminye imininingwane yokwengeza

Imibuzo: Mnu. Dave Thomas (Manager: Roads Design North)
e-mail: *thomasd@durban.gov.za*
Ucingo: 031 311 7602

Izicelo ezifakwe ezimvilophini, zavalwa, zasayindwa ofaka isicelo noma osayinda egameni lakhe, zabhekiswa ku-Head: Supply Chain Management, zabhalwa ngaphandle ukuthi “Expression of Interest for Civil Engineering Consultants: Labour Intensive Construction Projects”, kufanele kuthi kushaya u-11:00 womhla ka 2007-06-15, zibe sezifakwe ebhokisini lamathenda elise-Ground Floor foyer, Rennie House, 41 Victoria Embankment, eThekwini.

Dkt M.O. Sutcliffe
IMenenja yeDolobha
City Hall, West Street
eThekwini